# UKhomishana wakwaSARS Uyisolile Imizamo Yokusoconga u-Advocate Naudé

**Tshwane, 18 kuNtulikazi 2024 -** UKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) uMnu. Edward Kieswetter uthe “uyisola kakhulu imizamo yokusoconga ummeli omkhulu u-Advocate Coreth Naude.

Lesi senzo esishaqisayo besihlose ukusabisa izisebenzi zenkantolo ukuze zilaxaze umsebenzi wazo osemqoka eziwenzayo wokuqhutshezwa kohlelo lwezomthetho ezweni lethu. Sibukela phansi igunya namandla oMbuso. Izenzo ezifana nalezi nalabo abazenzayo, kumele zinqandwe ngokuthi sisebenzisane sonke ukwenza ngcono izwe lethu futhi siqinisekise ukuthi akekho ongaphezulu komthetho.

USARS ucele izinhlaka eziphoqelela umthetho ukuba zisebenze ngokushesha ekulandeleni nasekuboshweni kwalabo abebelinga ukusoconga u-Advocate Naude. USARS ufisela u-Advocate Naude ukuba asheshe alulame kanti ufisela nomndeni okuhle ngalesi sikhathi. Angeke sithuswe yizenzo zobugebengu nobugwala.”

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne SarsMedia@sars.gov.za